

(3)s193

16

Zulu Omens.

K/13/
AM/5/64

K13/64

R.T.Mazibuko

1.

Imihlola

Ngenhlalo yakithi endulo kwakukhona izinto ezazihlola izigigaba ezithile nemihlolo ethize ezokwe nzeka emihle nemi6i umuntu loyo ohlolelwe, noma umuzi lowo uhlale sewulindele loko okuhloliweyo. Nanamhla naloku lenkolo usa6usa.

1. Nxashana insizwa iphume ngenjongo yoko qomisa intombi ethize 6ese kunqamula ngaphambi. Kwayo insizwa imbi6a kusho ukuthi izofika ivunywe insizwa leyo yintombi uma kunqamule igundwana nje elingemi6a kusho ukuthi insizwa ikhephansi kuleyo ntombi.
2. Lapho kuthi ekuseni ilanga lisando phuma ni6one e6aleni kuhamba umvemve ukhala - kuhlola ukuthi kukhona a6ahlo6o 6akho a6aligazi lakho a6azofika ngalelo langa lapho ekhaya.
3. Lapho ubulembu behlela phezu kwakho buhlola umhlo6o wakho oza nezimnandi imbusho kuhlola ngokunjalo futhi incwadi.
4. Nxashana uhamba 6ese kuthi phulukundlu imamba ivuke ime, ilale phansi inyamalale unomphela kuhlola uhambo olumhlophe nendlela enhle.
5. Nxashana uhamba ngendlela kuqamuke impunzi idlule ngesi qu6u phambi kwakho kuhlola ukuthi indlela yakho inesinyama esi6i.
2. 6. Lapho uthekwane edlula ekhala phezu komuzi uhlola izulu ukuthi lizophendula.
7. Lapho uthekwane edlula endiza ekhala 6ese ephonsa usheko phezu komuzi kuhlola isinyama esi6i esizovelela ekakhulu usha lalowo muzi.
8. Uma uthekwane enqamula phambi kwensizwa no6a yintombi akhale ephonse usheko kusho ukuthi izidlela zayo zimnyama zonkana.
9. Nxashana nithe nivuka ekuseni nezwa izinsingizi zikhala kuhlola ukuthi lizophendula izulu line.
10. Lapho uthi uhamba kuvuke amaqomfi andize ngokudlalisele edlula phambi kwakho enquma indlela loko ke kuhlola inhlanhla enkulu nentobo6o e6anzi.
11. Lapho uhamba ngendlela kuthi phulukundlu umvundla unogwaja asho asu6athe ngalendlela ohamba ngayo wena athi esekude aphambuke kuhlola ukuthi lapho uyakhona uzokudla inyama.

12. Lapho udla kuwe ukudla okudlayo kuhlola ukuthi kukhona umhlobo wakho wegazi olambile.
13. Lapho udla kuwe ukhezo kuhlola ukuthi intombi yakho isikwalile futhi isiqomile.
14. Uma kungena ekhaya inyoka okuthiwa umhlangwe kuhlola isifo esi6i esizo6a sekhaya esoqeda umuzi w siwathi nya, nya.
3. 15. Nxashana uhamba uya entombini yakho noma uyoqomisa u6one endleleni intothoviyane enkulu eluhlaza ithi ingaku6ona iphakemise amaphiko ikhihlize amagwebu ngomlomo agawale nasezi mpikweni loko kuhlola ukuthi buyela emuva unga6e usaqubeba ngo6a uyothi ungafika intombi ikwale ihlanze okwayi zolo isinyama esi6i.
16. Lapho udla 6ese ukhwingcwa ukudla kuhlola ukuthi kukhona okufisela oku6i.
17. Lapho uhamba 6ese uhlangana nezintuthwana zihla6e uhele ngendlela kukhomba ukuthi indlela yakho yinhle.
18. Uma kuthi lapho uhamba 6ese kuwa induku yakho endleleni kuhlola ukuthi kukhona izige6engu ezilinde ukukwenza u6usela6oya. Nxashana uyithathe wayiphonsa phambili ande uyithathe uhambe loko kwenza uku6a la6o 6enzi 6obu6i 6aqhele endleleni udlule 6engekho.
19. Uma kusukainja yenduna ikuthundela. Uma ~~nyx~~ uyinsizwa kusho ukuthi uzoqonywa uma uyintombi kusho isisila.
20. Uma kungena umuntu nihlezi 6ese nimu6ingelela kanyekanye kusho ukuthi ukhona omunye enisozomu6ingelela.
21. Uma uthekwane ediza phezu komuzi engakhali uhlela inhlanhla.
22. Uma u6ona uthekwane ehamba ngendlela ohamba ngayo iqonda phambili engaphambuki kuhlola u6u6i futhi kusho uku6a uphindele emuva.
- 4, 23. Uma uthuke nqumuka uhleka kakhulu uhamba ~~xxxx~~ wedwana kuhlola ukuthi unyoko useku khumbule futhi ukhuluma ngawe kahle.
24. Uma uzwa umzimba wehla ushona phansi uphelelwa amandla kodwa ungaguli uzwe luthi uvalo heqe kuhlola isimo esi6i esise khaye. Kukhona isigameko sehlele oyinyama yakho.
25. Uma uhlekiswa yinja ongayaziyo kusho ukuthi ukhona okuthakathayo.
26. Uma u6ona inyosi ikhala indiza endlini kuhlola ukuthi sikhona isihambeli esize ngo6uhle esizayo.

s193

27. Lapho uphuza umqekuleko bese ubona kuntanta ithi phakathi kade ungaliboni kuhlola ukuthi uzozwa izindaaba ezimmandi.
28. Uma ulunywa yintuthwane emthondweni sekuse nsukwini zakho zokuba ushade kusho ukuthi umfazi wakho ukhuthele.
29. Uma ulunywa isandla saso kudla noma sokuphonsa kusho ukuthi uzozwa izindaaba ezimmandi ezihlwaabusayo. Lapho kuluma saso khohlwa noma sokuvika kusho ukuthi uzozwa izindaaba ezingemmandi ezidlikadlika igama lakho.
30. Uma uthi uhleli ngase ziko kuqhume izinhlanzi kusho ukuthi bakhona abakhuluma kabani ngawe.
5. 31. Uma uqhuzuka kabuhlungu onyaweni uhamba kuhlola ukugudluka kweshwa ebelikulindle lapho uqonde khona.
32. Nxashana ulunywa yindlebe yangase sandleni sa ngasokudla ihlola ukuthi bakhona abakhuluma ngawe kahle. Uma kungeyangesandleni sokahlwa ihlola ukuthi bakhona abakhuluma kabani ngawe.
33. Uma iqhude lithi emini yase kuseni lime emnyango likhale, lihlola ukuthi sikhona izihambeli ezizo fika ekhaya lapho.
34. Uma abantwana basekhaya bethwele izandla emakhanda bekhala noma bethwele iziphahlana emakhande bedlala ngokukhala, noma bebekelele uhele bengathi baya khalo ba hlola ngakokunkana isifo esizo vela ekhaya esizo khipha isidumbu.
35. Uma omangoye bezobebana phakathi nezindlu bekhala bebanga umsindo kuhlola isinyama neshwa elingahle lihambele kulowo muzi.
36. Umainja yase khaya iqoshama esaleni ishaya ukholongwana ihlola isinyama neshwa elibi elizo velela umkhaya.
37. Uma kuthe uhamba emini kwaaba wabona imamba yase iyathula ithi nya noma ibaleke ichashe ihlola isifo noma isigigaaba esizovela ekhaya noma kozalananaabo.
6. 38. Uma kudikiza ihlo langa sesandleni sokudla kuhlola ukuthi uzodla inyama noma ukhona umhlobo wakho omthandayo nomxabisile ozomubona.
39. Uma kudikiza ihlo langasesandleni sokhohlwa kuhlola inhlupheko ozobekana nayo, noma uzobona isitha sakho.
40. Uma inkunzi yenkomo yase khaya ibuya emadlelweni emini ize

s193

esi6ayeni ifike ibodla ikhonya iphande esi6ayeni 6ese ilala khona
ihlola isifo somunzane wekhaya noma inkosana.

41. Uma uphuphe ulele waphupha umfula ugwele amanzi aludaka
kuhlola isifo uma amanzi egwele, ecwe6ile kuhlola ukuthi ikhona
intombi eyemithi engumbhlo6o wakho.

42. Uma uthi lapho udla uzilume ulimi kakhulu kuhlola ukuthi
uzothethisa nomuntu kakhulu uma uzilume kancane usuke uzothethisana
nomuntu ngokulingene nje.

43. Uma kudikiza iso noma yiliphi lidikiza ngaphansi lihlola
ukuthi uzokhala ngenxa yezinto nemi6iko ozoyizwa uyibone.

44. Uma kudikiza umlomo wakho wangehla kuhlola umhlo6o wakho
ozombona akutshela izinda6a ezinhle.

7. 45. Uma uhamba wase uquzuka onyaweni ngaphansi kwalo kuhlola
indhlanhla.

46. Uma intombi ithi ilele iphuphe inkunzi yenkomo isuke izothola
isisu.

47. Uma ingane ng idlala ngomlotha iwubuquza ihlola ukuthi unina
uzothola isisu.

48. Uma irkosikazi yenyanya indoda yayo ingayifuni ngisho ukuyi
bona kodwa loku zihlola ukuthi ithatha isisu.

49. Uma kuthi imini kwaga kungene imbulu e6aleni noma igene
endlini ihlola isifo esoqeda umuzi siwuthi nya lesifo senziwe
ngomunye wabakufisela oku6i.

50. Uma uth6 wembatha ekuseni waphendukezela izingu6o zakho
kusweleke uthi ungazi 6ona ukuthi zinjalo, uziyeke zihlola indlanhla
uma uziphekezela uzi6uyisele esimeni sazo esiyiso kuhlola ishwa.

51. Uma endleni yakho kunqamula inthendeka zane (igundane eline
mithende) kuhlola ukuthi uzodla inyama lapho uyakhona.

52. Uma uhishwa ngamathe kuhlola ukuthi uzo6ona umuntu oanthandayo.

53. Uma u6ona uthekwane ekhala enyusa umfula kuhlola ukuthi lizo
kuna.

54. Uma unyawo lwakho luluma ngaphansi lihlola ukuthi uzohamba
Kukhona lapha uzohambela khona.

8. 55. Uma uqhuzuka ngaphansi konyawo kuhlola ukuthi uzo sutha
lapho uya khona.

56. Nxashana nikhuluma 6ese nikhuluma kanye kanye ngokunjalo izwi elifanayo kuhlola inhlanhla enizo yifumana mhlaimbe omunye mhlaimbe nobabili.
57. Uma uthi uhamba u6one uchakide, aku6one qede abaleke avuse umdlongo kuhlola isinyama.
58. Lapho u6ona inyoka okuthiwa umhlangwe kuhlola isifo ekhaya.
59. Uma kuwa induku yakho iwe iqonde phambili. Lapha uyakhona inganqumi kabili indlela ihlola ukuthi uzofika kusindwa kudliwa usosutha ushayesi 6ovana isisu ulale ungembethe.
60. Lapho uthimula izikhathi ezinthathu zilandelana kuhlola ukuthi uzothola umu6iko noma ngowa luphi uhlo6o kodwa kujwayeleke omu6i.
61. Lapho ukhwehlela uthi uphimisa izikhehlela siye sibaceke esifubeni kuhlola ukuthi uzodla inyama.
62. Lapho kudikiza umlomo ongezansi kuhlola ukuthi uzohleka. Uma kudikiza ongenhla kuhlola ukuthi uzothetha noma uzothethisa.
63. Uma ingane esencane, esigaqa ithi lapho idlala ilale ngesisu ihlola ukuthi ukhona ozofika.
64. Uma kuthe ngebanqu welamela isalukazi sisendle loko ku khomba ukuthi uzoshesha ushade.
9. 65. Uma kukhona intombi oyiqomisayo wathi lapho uyakuyo uyoqomisa kwedlula impunzi phambi kwakho igijima ngelikhulu iju6ane kuhlola ukuthi ayisoze ikuqome.
66. Uma u6ona amaju6a ayisi khombisa endisa lapho uya entombini yakho kuhlola ukuthi uzoshesha ushade.
67. Uma udla u6one usi6i olumnyama ekudleni kuhlola ukuthi izindlela zakho zimbi.
68. Uma lapho ulele uphuphe amaqalalandela (wild oranges) kuhlola ukuthi qaphela ungamithisi.
69. Uma u6ona isikhova e6usuku kusho ukuthi impilo yakho isende.
70. Uma uphuma uhamba uya kuzola entombini yakho 6ese u6ona u6ulembu kuhlola ukuthi intombi yakho ineshende inelinye isoka ngaphandle kwakho.
71. Uma uzwa unesi 6i6ithwane kuhlola ukuthi ukhona ozelweyo oyisihlo6o sakho.
72. Uma inkomo yensikazi yemithi ithi lapho ihlafuna yetshisa

- 16eke entshonalanga kuhlola ukuthi yemithi ithole lensikazi.
73. Uma uthi lapho udla inyama enonileyo i6eyishwaqu-shwaqu sengathi udla indwangu kuhlola ukufa.
74. Nxashana ushaye u6ulongo ngenduku yenqayi kuhlola ukuthi leyo nkomo enye lo6o6ulongwe izolanhleka.
10. 75. Uma lapho uhamba uyakweshela kuvuke uma nqwashi ashaye amaphiko phambi kwakho uhlola ukuthi uzohlanga6ezana nezinto ezokuja6ulisa yinhlanhla.
76. Lapho uhamba 6ese kudlula uthekwane emva kwakho edlule ekhala uhlola isinyama umswazi ishwa.
77. Uma uthe ushaya umtwana oyintombazana 6esethi lapho ekhala unyembezi luphume esweni langahlanye kuhlola ukuthi yokwendela kumfokazana.
78. Lapho kuqamuka isiswenya sezinyosi zifike qede ekhaya zakhele 6ese zithutha zihlola ukuthi insizwa yakulowomuzi isoshesha iganwe.
79. Uma kuqamuka inyosi ingena endlini ikuzungezu ngeza ukuhlolola inhlanhla ozohlanga6ezana nayo.
80. Lapho uthi udla kusuke imphukane ingene ekudleni kwakho ihlola isinyama.
81. Uma lapho udla uhlafuna kuphume ukudla emlonyeni kuhlola ukuthi ukhona ozomu6ingelela.
82. Uma uthi lapho udla ushaywe yintwa6i kuhlola ukuthi ukudla loko kuphekwe a6antu 6angahlambanga.
83. Lapho uzwa umzimba ukhathele kuthi lala phansi ukuhlolola ukuthi 6akhona a6azokuhambela.
84. Lapho udla 6ese kuwa ukheso odla ngalo lungena kudla kuhlola ukuthi intombi yakho iqomile.
85. Uma imbila i6onwa ingena ekhaya loko kuhlola umhlolo omu6i ozovelela ikhaya ekakhulu ukufa.
11. Uma kufukuza endlini imvukuzane yenza izindundumana nase6aleni ihlola ukufa konomzana nakwa wowonkana ~~umzi~~ umuzi.
87. Uma kusa izingu6o zakho zidliwe amaqundane kwasala ezabanye loku kuhlola u6usoka. Ukuthi wo6a lisoka u6enezi ntombi ezinjngi.

s193

88. Uma inkosi kazi ilahlekelwe yintandatho yayo kuhlola ukuthi ubukhosikazi bayo lapha iganele khona busabazima busenohlupheko igcine ngokwahlukana nendoda.
89. Uma uthi lapho uhamba ubone umango (ikati) omnyama buqo ehamba enguma indlela yakho phambi kwakho uhlola inhlanhla enkulu.
90. Nxashana ingane itetema kade ingatetemi kuhlola ukuthi unina usekhulelwe lapha ekhona.
91. Nxashana uvelelwa izigigabana ezingezihle zelumana zisusana kuhlola ukuthi ukhona umhlobo wakho ofileyo.
92. Nxashana umangoye ezikhotha yonkana indawo phambi kwebantu bekhaya uhlola umhlobo ozayo.
93. Uma uvilapha ngokungajwayelekile kuhlola ukuthi ukhona ozokubadama oyisithandwa sakho noma omxabisile.
94. Uma umfelekazi edabula izinkomo sika Numzane kuhlola ishwa ukungandi kwezi mphahla.
95. Uma induku zakho zeqiwa intomba zana kukuhlulela ukuthi uzoshaywa abanye abafana zaphuke ezako.
96. Nxashana ubona isambane qede bese siyakubeka sikuhlulela ukufa ukuzovelela abakini noma abaligazi lakho.
12. 97. Nxashana umangoye (ikati) lenza isi zungezunge lizu ngeza lihlola izihambeli ezizihlobo ezizofika.
98. Nxashana uthi usendle ubone ibika lihlola ukuthi ukhona ondala ozayo (ibika isilwakazana esingange tshekentshe).
99. Nxashana ubona izinyoni okuthiwa amawaba sindiza zisuka zihlola imvula.
100. Nxashana ubeka itshe esivivaneni esibekwe ngabantu ecele kwendlela kuhlola inhlanhla.
101. Nxashana ubona ufasimba kuhlola imvula engumvimbi.
102. Nxashana ubona ixoxo lapho usebensa khona kuhlola ukuthi umsebezi wakho uzohamba kancane.
103. Nxashana ubona intulo lapho usebenza kuhlola ukuthi uzoshesha uwuqede.
104. Nxashanainja ikhwela phezu kwendlu kuhlola umkhuba omibi ozevela ekhaya onjengo kufa.

K13/64

8*

s193

105. Uma uthi usenga inkomo inkonyane lilale phansi kusho ukuthi abantu bakuloyo muzi Gadla amasi Gawadlele ecansini.
106. Uma udlela enkezweni ephatha amazi kusho ukuthi wothi mhla ushadayo line.
107. Uma kuthi niya kulobola izinkomo zihambe zilala kuhlola ukuthi umlobokazi wofika avilaphe adle alele.
108. Uma nikuluma notha umlilo, nikhuluma ngenyoni eniyitholele isuku uzosuka ihambe.
109. Nxashane ingane ithatha ithambo elidala j nisa kunina kuhlola ukuthi ummumzane uzohla6a.
13. 110. Nxashana ulunywa likhwapha kuhlola ukuthi ukhona ozokupha ukudla.
111. Nxashana uthe ukhafula wazi khafulela emkhonweni kuhlola ukuthi uzodla inyama yomkhono.
112. Nxashana umashisindlu engena endlini kuhlola ukuthi indlu yakini izokusha.
113. Nxashana uthimila ungaphethwe mkhuhlana kuhlola inhlanhla ozohlangabezana nayo.

ENDS.